

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUIZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO
EMAHLABATHINI OLUNDI NGOLWESINE MHLAKA 16 SEPTEMBER 2010**

Mphathi wohlelo Cool Cat Gumbi;

IMeya uKhansela uLuthuli;

Inkosi uZungu;

INhloko yomNyango wezokuThutha uHlabisa;

Abefundisi;

Abezindaba;

Ngokukhethekile ngibingelele imindeni engosingaye lapha;

Bese ngibingelela umphakathi wonke;

Ngithi sanibonani.

Siyabonga ukuthola leli thuba ukuba kesiphefumule nathi singuMnyango wezokuThutha noHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka esehlele indawo yasoKhukho oLundi. Siyazi ukuthi njengoba inhlekelele yenzeke ngoLwesithathu olwedlule, kuningi ukududuzwa osekwenziwe emindenini elahlekelwe.

Kodwa nathi singuHulumeni noMnyango wezokuThutha ikakhulukazi, sithe masicele ukuhlangana nomphakathi nemindeni yabasishiyile kule nkonzongalolu hlobo. Ngokujwayelekile iyona ndlela esiyaye siyincome uma kunenhlekelele enjengalena ukuze sibe nethuba lokuhlangana nayo yonke imindeni ngesikhathi esisodwa. Siyaye sicele emindenini ukuthi kwenziwe inkonzongalolu yesikhumbuzo ndawonye mhlambe ngalo uLwesine ngokujwayelekile.

Okwethu-ke singuHulumeni kusuke kungukuthi sibhonge emswanini nje bese siqinisekisa ukuthi imindeni iyalekeleleka ekufihleni izihlobo zayo ngendlela efanele. Kodwa ekubhongeni kwethu emswanini nje sifisa ukusho ukuthi sikubona kuyichilo nje ukuthi uHulumeni useze waba nezinhlelo ezimisiwe zokuhlinzeka izimo ezinjengalezi ngenxa yokuthi abasebenzisi bomgwaqo abafuni ukwenza okufanele noma bangakwenzi okungafanele.

Ngakolunye uhlangothi uHulumeni usebenzisa izimali ezishisiwe kuchitheke nesikhathi esiningi kwenziwa imikhankaso yokuncenga abantu ukuba bangenzi izinto ezizobulala bona noma zenze bona babe ngababulali. Kodwa phezu kwalokho sisahambela izinkonzongalolu hlobo.

Kade ngizama ukukhumbula nje izinkonzo esengizihambele ngathola ukuthi kulezi zinyanga ezine ezedlule ayikho inyanga edlula singabanga nenkonzo yalolu hlobo kulesi fundazwe. Ngithe futhi uma ngibheka izibalo eziqoqwa uhlaka lwethu lweRoad Traffic Management Corporation (RTMC), ngathola ukuthi kusukela ngoJuly kuze kube izolo sesilahlekelwe ngabantu abangu-240 ezingozini zomgwaqo ezingu 180 KwaZulu-Natal. Abashayeli bangu-71, kuthi abagibeli babe ngu-87 bese kuthi abahamba ngezinyawo babe ngu-81.

Manje uma unguNgqongqoshe njengami nje konke lokhu kwenza uze uzibuze kaningi ukuthi kukhona yini engingakwenzi kahle okwenza kugobhoze igazi kangaka emigwaqeni yethu. Kumele kuze kukhuze bani kanjani ukuze abantu bakithi baguqule indlela yokuziphatha emgwaqeni?

Sibuza lokhu ngoba phela ngaphezu kwemikhankaso yokuqwashisa esiyenzayo, uHulumeni wenza isiqiniseko sokuthi abantu bathola zonke izinto eziyisisekelo ekutheni basebenzise umgwaqo ngokuphepha. Bheka nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Eminye yale mithetho ithi awulokothi ushayele imoto uphuze utshwala. Uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ungashayeli uphuzile.

Uhulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye aze ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomo wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo. Ngenxa yokwepulwa kwale mithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni.

Kodwa phezu kwalokho, mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yabantu abaphula imithetho emgwaqeni. Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Umthelela wokufa kwabantu emigwaqeni yethu ubonakala kahle kubantu abasuke sebesele ngemuva, sekusele izintandane ezidinga ukondliwa.

Sikhuluma nje sesibheke emaholidini kaKhisimusi nawo asazosithwalisa kanzima sikhuza abantu abadakelwa emgwaqeni. Sesihlalele ethembeni kodwa ngoba izinhlelo esiza nazo ngokubambisana noManzankosi kuzwelonke ngala maholide zizoshintsha ukwenza.

Kodwa njengoba silapha kule nkonzo namhlanje kuhle sithathe leli thuba sinxuse imboni yamatekisi esiyithandayo singuHulumeni ukuthi mayiphumele obala yenze okufanele ukuze ingahlali ikhonjwa ngenjumbane uma kukhulunywa ngokufa kwabantu emgwaqeni.

Abanikazi bezimoto mabangabeki izimpilo zabashayeli nabagibeli engozini ngokungagcini izimoto zisesimweni sokuba semgwaqeni. Abashayeli nabo kumele bafunde ukulwela amalungelo abo okuphepha emgwaqeni bangavumi ukunikwa izimoto ezingekho esimweni kuthiwe abathwale umphakathi ngazo. Ngiyazi ukuthi sisadinga ukuhlangana nabashayeli bamatekisi sixoxe ngezinkinga ababhekene nazo mhlambe ezinye zazo eziholela ekutheni kudaleke izingozi.

Nanjengabagibeli masingavumi ukugibela izimoto ezizobeka izimpilo zethu engozini ngenxa yesimo semoto noma somshayeli. Yingakho-ke sithi nakuba sizokhalisana nabalahlekelwe izihlobo zabo kule nkonzo, kodwa kumele sinxuse ukuthi sonke esilapha sibe ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni.

Nakuwona amalungu emindeni esaziyo ukuthi kubuhlungu kakhulu kuwona ngoba kufana nokuthi kuxebuke inyama, sithi sengathi singadlula isikhathi esinzima impilo ibuyele kweyewayekile bese nabo belekelela ekulweni nalesihlava sezingozi esibhubhisa isizwe.

Sithi-ke nakuba kunzima kodwa sithatha leli thuba sithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza imindeni yalaba:

Name and Surname	Age
1. Bhekokwakhe Moses Chonco	23 yrs
2. Benzile Ngcamu	17 yrs
3. Ntombifuthi Dlamini	21 yrs
4. Bongekile Tinini Sibisi	33 yrs
5. Lindani Ntshaba	12 yrs
6. Velisisa Magubane	22 yrs

NgesiZulu kuthiwa akwehlanga lungehlanga. Impilo mayiqhubeke kwabasele. SinguHulumeni nomphakathi waKwaZulu-Natal sinalo ithemba lokuthi ngelinye ilanga siyoyinqoba le mpi yezingozu zomgwaqo.

Ngiyabonga